## IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

### *39/2013 Intshumayelo ngesonto 9 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 28. 07. 2013*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 9/12

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu wethu, osezulwini, siyabonga, ngokuba uyasibiza, uyasimema ngokukhuluma nathi ngezwi lakho kulenkonzo. Mawuhole izinhliyo zethu kuwe ukuba silondoloze izwi lakho, silizwe, size sibone ukuphila ngalo, ngaye uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseFilipi 3:7-14;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Mathewu 25:14-30.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 12/22

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe ku Mathewu 13:44-46, lithi: "Umbuso wezulu ufana nengcebo efihlwé ensimini, yafunyanwa ngumuntu, wayithukusa; ngokuthokoza kwakhe uyahamba, athengise ngakho konke anakho, athenge leyonsimu. Futhi umbuso wezulu ufana nomthengi ofuna amaparele amahle; eselifumene iparele linye elinenani elikhulu, waya wathengisa ngakho konke anakho, walithenga." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini, mangiqale intshumayelo yami namuhla ngemibuzo, ethi: Umnyango wezulu ukuphi? Umnyango wezulu ubonwa-phi? Noma umnyango wezulu mina nawe esithanda ukungena ngawo ezulwini ungabonakala lapha emhlabeni na? Futhi, ngiyabuza ngithi kuyangenwa kanjani embusweni uNkulunkulu abusa kuwo eyiNkosi yawo na? Ngingabuswa kanjani ngumbuso wasezulwini, ngisho umbuso uNkulunkulu abusa kuwo na? Lemibuzo ithanda ukuphendulwa ngezwi intshumayelo yanamuhla isekelwe ngalo.

Izwi lentshumayelo yanamuhla lifundisa ngombuso wasezulwini ngokuwufanekisa, nokuwuqathanisa umbuso lowo nengcebo efihlekile ensimini ethile. Sesiyaqonda ukuthi lensimu

lapho kufihlekile khona ingcebo akubonakali emehlweni ukuthi kukhona ingcebo kuyo. Kwenzeka ukuba uhambe kuyo ungaqondi ukuthi kuyinsimu enengcebo efihlekile kuyo. Kwenzeka ukuba kungumhlabathi namatshe kuphela okukuyo. Noma kwenzeka ukuba uyithathe njengensimu efana namasimu amaningi ajwaelekile amanye. Uyaqonda ukuthi iNkosi iyasifundisa lapha ukuthi ubukhosi bombuso wayo kwenzeka ukuba bubonakale, noma bufihlekile, uma umuntu engacabangi ukuthi utholakala khona lapho ukhona.

Siyakhumbula abelusi belusa imihlambi yabo kulobuya busuku, mhla sizalelwe uMsindisi emzini kaDavide. Sikhumbula nesiphambano saseGolegotha. Siyashesha siqonda ukuthi lapho uNkulunkulu ebonwa khona kuyizindawo impela lapho umuntu ngokwakhe angecabange ukuthi uNkulunkulu uzobonwa kuzo. Nanamuhla ezinsukwini zethu uNkulunkulu usabonwa lapho umuntu angecabange ukuthi uzobonwa khona.

UNkulunkulu akafunyanwa esezindlini zobukhosi ezikhazimula kakhulu ngegolide. Qha, ingcebo ifihlekile emhlabathini nje ensimini. Mhlawumbe iyinsimu nawe osunyathele kuyo ngezinyawo zakho kaningi, ungaqondanga ukuthi ingcebo ifihlekile kuyo. Noma ingcebo leyo ingabonwa ngumuntu ongenaso isikhundla, noma ongafundanga kangaka. Noma lengcebo ingabonwa noma esikhathini sokugula, wena uhlushwa kabi. Kwenzeka ukuba umuntu othile adlule indlu yokusonta eyakhiwe maduzana nakwabo, kodwa yena uyadlula kuyo lendlu ngokuvama, engaqondi ukuthi ingcebo enkulu ikhona kulendlu adlula kuyo njalo. Mhlawumbe akaboni ukuthi kukhona lengcebo enkulu kulendlu, ngokubukeka kwayo, ingasabukeki kahle ngobuhle obufanele leyongcebo, noma akaboni ukuthi kukhona lengcebo enkulu kulendlu, ngokungabukeki kwebandla noma elincane noma elikhulu elihlangana njalo kulendlu. Umbuso kaNkulunkulu ufana nengcebo efihlekile ensimini.

Futhi kwaziwe ukuthi lengcebo ayibonwa ngokuzihlupha kwakho, noma ngemisebenzi enzima eyenziwa nguwe. Kwaziwe ukuthi iyatholakala kuphela njengesiphiwo ophiwa sona, ungacabangi kangaka. Owesifazane waseSamariya loya wabona lengcebo, enza umsebenzi wezinsuku zonke awujwayele, mhla eya ukukha nokulanda amanzi. Wabona umbuso kaNkulunkulu ehlangabeza noJesu. Umphostoli uPawulu naye wazunywa nje endleleni yakhe yokuya ukuzingela amakholwa eDamaseku, noma umgciniziboshwa waseFilipi naye wazunywa kanjalo phakathi kobusuku. Labo bathathu babone ingcebo efihlekile kuJesu, ngoba bayibona ngokubonakaliswa ngezwi leNkosi. Yiyo ingcebo efiswa, elangazelelwa nguPawulu kuphela eseyambulelwe yona ngokumbona uJesu, uyayisho yona uma ethi: "Yebo impela, konke

ngikushaya indiva ngobukhulu bokumazi uKristu Jesu iNkosi yami, engilahlekelwe yikho konke ngenxa yakhe, ngikushaya izibi, ukuze ngizuze uKristu."

Umphostoli uPawulu walahla ukuhlonishwa yizikhulu zabaJuda, walahla isikhundla sakhe sokwaziwe ukuthi wayeyisihlakaniphi esikhulu, nesazi esikhulu esizweni sakubo. Wayengasafuni isikhundla nokuhlonishwa ebantwini. Wayengasabangi imali nezinto zomhlaba, walahlekelwa yizo, wazishaya izibi ukuze azuze uKristu. Waqonda ukuthi ngaye uKristu umbuso kaNkulunkulu wafika kuye. UKristu uyingcebo efihlekile ensimini, wayabelwa yona ngokubhapathizwa egameni loMthathwemunye, nokuthethelelwa izono egameni likaKristu.

UKristu futhi uyiparele elihle, elinenani elikhulu esimelwe mina nawe ukulifumana. NgoKristu sinomnyango wezulu. Ngaye uvulekile. NgoKristu siyangena embusweni kaNkulunkulu, ngokuthethelelwa egameni lakhe. Ngomfanekiso okhuluma ngeparele elinenani elikhulu siyaqonda ukuthi ukukholwa okuyikho kungukukholwa okufuna leliparele, ngisho yena uJesu kunezinto zonke emhlabeni ngokumenywa njalo ukwamukela umzimba wakhe negazi lakhe elithululelwe kube intethelelo yezono esidlweni seNkosi.

Lowo nalowo makazihlolisise ngokuzibuzisisa ukuthi: Mina ngifuna kuqala umbuso wasezulwini ngingakafuni okunye na? Ukuzuza uKristu kuyabusa ukuphila kwami na? Noma isikhathi sami, namandla ami, namakhono ami ngiyakunikela abanye, noma okunye na? INkosi iyafundisa ukuthi othanda ukuphila kwakhe uyakukuyisa ekubhujisweni, kodwa ozonda ukuphila kwakhe kulomhlaba uyobe ekulondolozele ukuphila okuphakade? Ngokuvama thina abantu banamuhla siyaphila, ungathi ukuphila kuyabonwa, kuyatholakala ngakho okuthengwayo ngemali. Kuthiwa kuyadingeka kakhulu kabi ukuphila okukhona ngakho, lapho ukuphila kutholakala khona, ukuba nendlu enhle, inqola ekhazimulayo, nefenisha elingcono, nocingo olungasebenzi ngocingo, nokuthi, nokuthi. Abaningi bathi konke abanakho, nakho abakutshelekile okungesikho okwabo ukuthi banothile ngakho, kungumnotho nengcebo yabo. Ungathi yikho okufiswa kangaka kuyikho okuphilisayo impela.

Sesizwile ngokusho kweNkosi ukuthi ongazondi ukuphila kwakhe uzolahlekelwa yikho impela. Ngoba ukuphila okuyikho akutholakali, akubonwa ngezinto ezidaliweyo, kodwa kuyatholakala, kuyabonwa ngengcebo efihlekile kumuntu wemvelo, ngisho ingcebo enguKristu, umelwe ukuyambulelwa ngezwi levangeli likaKristu Jesu. Ukuphila okuyikho kuyatholakala, kuyabonwa ngokufisa parele eyodwa eyonayona, engatholakali ngalutho okwethu, ngaphandle kwakho

okwethu, kuyisipho esitholakala ngomusa ngokuthethelelwa izono egameni likaJesu Kristu ngokukholwa egameni lakhe.

Ukukholwa okuyikho kuyamfuna kuqala uKristu, kuyafisa, kuyalangazela ukuzwa izwi leNkosi, mhla ibandla lihlangana. Kuyafisela abantwana bethu ukufundiswa esontosekolo, nasekhaya, nasekilasini lomqiniso, kuyazinikela ukuphatha umkhuleko njalo emakhaya, ngokuhlabelela, nokufunda izwi likaNkulunkulu nokukhuleka kanye nabomndeni, nabendlu. Ukukholwa okuyikho kuyasebenzisa isikhathi namandla namakhono nezimpahla nemali enkonzweni kaJesu Kristu, kungabi ukuzisebenzela kuphela, kodwa kube ukusiza nabanye, nokwenza imisebenzi ebandleni nasekerikeni. Ukukholwa okuyikho kuyavama ukusondela esibikweni nasesidlweni seNkosi ngokudabuka ngenxa yezono, nangokucela intethelelo egameni likaKristu. Ukukholwa okuyikho kuyaqonda ukuthi ukuphila okuyikho kungukunotha kuye uKristu oyingcebo eyiyo, okufihlekile kuye izingcebo zonke zokuhlakanipha, nezamandla, nezokusindiswa okupheleleyo. Amen.

9. **Umkhuleko:** Ake sikhuleke ngamazwi eculo elithi: "Nkosi, kuny' engikuswele, ngitholisise khona: Kukho konke ngibonele. Kungumthwal' osindayo, oyibulalayo inhliziyo yami, ongangitholis' ukuthokoza kwami. Ngingathola lowo omela konke, ngizakuthokoza nangakho konke. Ngokunjalo nami, Nkosi, ngikulangazelele. Ngisize ngibe ngowakho, nginamathele kuwe. Noma bebaningi abahlubukayo, ngolandela wena ngisesemhlabeni. Ngiyothanda wena onakho konke. Ngiyakuphiliswa yil' izwi lakho." Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 179/172

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2001/2007 ngu-T. Seifert.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.